# ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LESITHATHU (P3)

## SEPTHEMBA 2016

**IBANGA LE-12**
**(GRADE 12)**

**Amamaki: 100** | **Isikhathi: Amahora ama- 2 ½**

**Leli phepha linamakhesi ayi-6**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Pheqa ikhasi

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu **EZINTATHU:**

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala **uhlaka** ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa.

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Amaminithi angama – 80 |
| ISIQEPHU B: | Amaminithi angama – 40 |
| ISIQEPHU C: | Amaminithi angama – 30 |

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

9. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A : INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA**: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Engikuthandayo Ngothisha Bami. [50]

1.2 Ukubaluleka Kwenkululeko. [50]

1.3 Izinkundla Zokuxhumana (Social Networks) Zilibulele Izwe. [50]

1.4 Kufanele Yini Abazali Babheke Izimfihlo (secretes) Zezingane Zabo? [50]

1.5 Ubuhle Nobubi Bokulandela/Bokugcina Amasiko. [50]

1.6 Bukisisa lezi **zithombe ezilandelayo** bese ukhetha ESISODWA ubhale indaba Nike indaba isihloko esiyifanele.

1.6.1



*[Sicashunwe ku-wwwgooglepics.com]*

[50]

## ISIQEPHU B : IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 **INCWADI ESEMTHETHWENI/YOMSEBENZI**

Ngonyaka ozayo ufuna ukuqhuba izifundo zakho enyuvesi kodwa abazali bakho abanayo imali. Bhalela usomabhizinisi uMnu. ZZ Dladla **incwadi yomthetho/yomsebenzi** ucele ukuba akusize. Veza izizathu ezibalulekile ngesicelo sakho. [30]

2.2 **UMLANDO NGOMUFI**

Umfundi wasekilasini lakho ushone emva kokuphathwa yi-flu. Umndeni wakhe ukucele ukuba ubhale umlando wakhe ngoba nguwena omjwale kakhulu. Bhala **umlando ngomufi**. [30]

2.3 **UMBIKO**

Ekilasini ngesikhathi uthisha engekho, abanye abafundi bapende ibhodi amafasitela nezindonga ngopende omnyama. Uthishomkhulu ufuna ubhale umbiko ozochaza konke okwenzekile ekilasini.
Bhala **umbiko** ozowunika uthishomkhulu. [30]

2.4 **INKULUMO**

Namhlanje uhlanganisa iminyaka yokuzalwa eyi-16. Abazali bakho bakwenzele indumezulu yomcimbi wokugubha (celebrate) lolu suku. Kuningi ofisa ukukusho nokukubonga kubazali bakho phambi kwawo wonke umuntu omenyiwe kulo mcimbi.

Bhala **inkulumo** ozoyethula kulo mcimbi. [30]

**AMAMAKI ESIQEPHU B :30**

## ISIQEPHU C : IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 3

Khetha isihloko esisodwa kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **IFLAYA**


Umama wakho uvule indawo yokudayisa ukudla okunhlobonhlobo.
Bhala **iflaya** ozoyinika abantu ukuze bazodla kule ndawo. [20]

3.2 **IDAYARI**

Kusukela ngomhla we-2 Disemba 2016 (Lwesihlanu) kuya ku-6 Disemba 2016 (Lwesibili) uzovakashela eBhayi/Port Elizabeth nabangane bakho.
Bhala **idayari** uchaze ngamafuphi enizobe nikwenza. [20]

3.3 **INKOMBANDLELA**

Yalela umshayeli wetekisi, osuka e-Embassy ekuPretorius Street oya kothatha abagibeli eResidence House adlulele eFerravy Guest House nase Meintjieskop Guest House ayobabeka eGeorge Washington Blvd. Mnike imiyalelo yokuthi uzohamba kanjani.




[Icashunwe: www.map.com] **[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**